


UKUGCOTSHWA

 UnguNkulunkulu, yilokho kuphela. Ungosezindaweni zonke. Niyabo? Ukuyo yonke indawo. Ngicabange nje ngizokushiya kulenga futhi ngibone ukuthi kubambe kanjani, niyazi. Ungosezindaweni zonke. Yena... Lokho kumenza uNkulunkulu, ngoba nguNkulunkulu yedwa ongaba sezindaweni zonke. Ngakho-ke Wathi, “INdodana yomuntu manje eseZulwini.” Niyabo? “Akekho umuntu owake wenyuka, ngaphandle kwaLowo owehla evela eZulwini, ngisho neNdodana yomuntu eseZulwini.” Nakho lapho Wayekhona, emi phezu kwendlu, nokho eseZulwini. Niyabo? Ungosezindaweni zonke, lokho kuMenza uNkulunkulu. Yilokho kuphela okungaba yikho, osezindaweni zonke, nguNkulunkulu.

² Manje, kulobubusuku, ngisanda kuthola sona kanye isithende somlayezo omuhle kaMfowethu Neville oya ebandleni. INkosi iwubusise futhi ingeze kuwo. Futhi, niyabo, unishiye nilenga lapho, ekuzindleni. Kuhle lokho. Gcina lokho enhliziyweni yakho, ngaso sonke isikhathi.

³ Futhi manje, sizoba nesidlo kulobubusuku. Futhi lesi yisikhathi sonke esisithokozelayo, ngiqinisekile. Ngicabanga ukuthi kuyinjabulo yenhliziyo yomKristu, kungukwazi ukuthi uyeza ukuzogcina umyalo uJesu asishiyela wona. Kunemiyalo emibili uJesu asishiyela yona, izinto ezimbili eziphathekayo. Enye yazo inkonzo yesidlo, kanti enye umbhaphathizo wamanzi. Ngaphandle kwalokho, akukho “kuthinta, isibambo,” akukho okunye okusele kukho, niyabo, akukho kuphenduka nokuhudula ngamadolo akho, nazo zonke lezi ezinye izinhlobo zezinto. Kungu—kungumbhaphathizo wamanzi nje nesidlo. Ngakho-ke sihlale sijabule ukuza kulokhu.

⁴ Ngikholwa ukuthi iBhayibheli lathi, “Ubusisiwe lowo owenza imiyalo yaKhe, banelungelo lokungena eMthini wokuPhila, ngokuba ungena eMzini, uMuzi oNgcwele; ngokuba ngaphandle kukhona izinja, izifebe, njalonjalo, okufanele kulahlwe.”

⁵ Bese kuthi-ke inkonzo yesidlo ihlala ingeqinile ngempela, ngoba isiletha kwelamanqamu, niyabo, njengoba sizofunda esikhashanyaneni, emBhalweni.

⁶ SinoMfowethu Brown ehlezi lapha, kulobubusuku, uMfowethu Dauch, noMfowethu Brown, noMfowethu McKinney. Angikwazi ukucabanga ngamanye amagama abazalwane abahlezi laphaya. Kodwa siyajabula ukuba nabo bevela phezulu e-Ohio. Ngibona uMfowethu Pat Tyler lapha, noMfowethu Stricker emuva lapho, abefundisi beVangeli,

osemva kwami. UMfowethu Collins, naye, noMfowethu Hickerson.

⁷ Manje, Mfowethu Stricker, unjani umunwe wenkosikazi na? Wenza kahle. E-hhe. Uthole ingozi, futhi wangishayela ucingo ngobunye ubusuku. Futhi ngesikhathi ngingena, ngivela kwezinye izingcingo, kwakungaba yishumi nambili, elokuqala nqo, futhi angizange ngishaye ucingo ngaleso sikhathi; ukusa okulandelayo. Wayekade ethunga futhi ngandlela thize okunye, wagqula inaliti yadlula ezandleni zakhe, futhi yagxiviza ngaleya ngasethanjeni noma enye into. Futhi wazama ukuyidonsa *kanje*, iphume emshinini wokuthunga, umshini kagesi. Futhi, ezama ukuyikhapha, wayiphula ngalendlela. Futhi wazama ukuyithola ngamazinyo akhe, inekazi elincane, lizama ukuyidonsa, ngawo, layiphula yasuka ngalendlela, esandleni salo.

⁸ Futhi wathi, “Khuleka nje futhi kuzolunga.” Ngiyakuthanda lokho kukholwa kwangempela, ukubambelela lapho kuleyondawana. Ngiyakuthanda lokho. UDadewethu Stricker ungumKristu omncane othandekayo, futhi angimboni lapha kulobubusuku, ngakho-ke ngingavele nje ngikhulume ngaye. Ukhona yena na? O, awu, kungcono ngithule. Yena ulapha, futhi. Kulungile. Awu, sicabanga ukuthi ukhona, empeleni, Dadewethu Stricker.

⁹ Manje, uMfowethu McKinney ucelile, ngiyakholwa, lapha esikhathini esithile esedlule, ukuthi . . . Siyaxolisa. UBilly Paul usanda kungikhumbuzwa ngakho, lokho kokugcotshwa, noma okunye, ukugcotshwa okungokomBhalo kwasetabernakele. Ngabe kunjalo, Mfowethu McKinney na? Ngikuqonde kahle na? Manje, ilayisensi yakho inikezeliwe.

¹⁰ Manje, namhlanje ekuseni, bengingazi ukuthi bengizoba lapha ukuzokhuluma. Kodwa emva kokufika lapha, nomfowethu lapha, egwele umusa nothando, wangicela ukuba ngize futhi ngikhulume. Futhi sakhapha lokho ibandla elaliyikho, nokuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wawuyini, nokuthi ngubani onaWo nokuthi ngubani ongenaWo, futhi wazi kanjani uma unaWo. Niyabo? Ngakho-ke, uma ungawutholanga uMlayezo, khona-ke abafana, banamateyipu lapho, angaya ebandleni lethu, ngoba yiMfundiso impela, indlela yonke.

¹¹ Futhi-ke ngenza lombiko, ukuthi, azikho izinto ezinjalo njengamahlale eBandla. Ayikho into enjalo. Yidlangala lamahlale. Uzalelwa eBandleni kuphela. Futhi uma omunye umuntu ethi, “NgiyiPresbyterian,” ungowedlangala lePresbyterian. Niyabo? Ngoba uzelwe . . . “NgiyiBaptisti.” Wena ungowedlangala leBaptisti, hhayi iBandla leBaptisti. Ayikho into enjalo. Futhi sakubuyisela emuva ngqo, futhi sathola eBhayibhelini, ukuthi ngisho nokusho into enjalo kungukuhlambalaza. Kulungile. Kufunde ngqo embhalweni wesandla wokuqala kwi-Emphatic Diaglott, ukuthi iBhayibheli

lashing ukuthi i... ukuthi lamandla, abizwa ngokuthi ibandla, “agcwele amagama enhlamba.” Niyabo? Bazibiza ngamaKristu futhi bazibeka njengamaKristu, futhi nje bephila noma yiluphi uhlobo lwempilo. Niyabo? Futhi ngempela kuqhathaniswa nephupho udadewethu lapha ebandleni abe nalo, esilichaze lapha namhlanje ekuseni. Manje, izikhathi zeBhayibheli, indlela ababegcoba ngayo umfundisi, kwakungukwazisa isiphiwo sikaNkulunkulu kulomfundisi, inkonzo.

¹² Yilapho engicabanga khona ukuthi oNgcwele wethu weMvula yakamuva... Noma, hhayi oNgcwele weMvula yakamuva. Uxolo. Abazalwane beMvula yakamuva, benza iphutha elibi kabi ngokubeka izandla bese bethi, “Sikupha isipho sokuphulukisa. Sikupha isiphiwo sokuprofetha.” Ayikho into enjalo.

¹³ “Izipho nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” UNkulunkulu uyapha. “UNkulunkulu umisile eBandleni abaphostoli, abaprofethi,” njalonzalo. Niyabo? Ayikho into efana nokuthi omunye umuntu aphe omunye isiphiwo. Izipho zivela kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa.

¹⁴ Futhi ukuza eBandleni, uzalelwe kuLo. Ayikho enye indlela yokungena kuLo. Futhi-ke uba yilunga lomndeni, noNkulunkulu, uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Hhayi inhlango, kodwa i—ilunga lomndeni.

¹⁵ Manje, ngezikhathi zeBhayibheli, njengoba esho, bathatha umBhalo laphaya lapho uPawulu asho kuThimothewu ukuthi wayenesiphiwo esasetshenziswa kuye.

¹⁶ “Awu,” washo, “sivela kugogo wakhe uLois. Niyabo? Lesi siphosivela kugogo wakhe uLois sehliselwa kuye.”

¹⁷ Baqaphela kuye, engumKristu oqinile, futhi, isipho sokukhuluma. Futhi babeka izandla kuye, njengokwazisa. Amalunga ebandla abeka izandla phezu kwakhe, azisa lomuntu; futhi ebeka inkonzo yobuphostoli, yokubeka izandla kuye, ukuthi uzohamba ashumayele iVangeli. Wuthunyelwe, ngubufakazi balaba bazalwane, ukuthi bakukholwa ukuthi isipho sikaNkulunkulu sasisebenza kuye. Yileyo ndlela abenza ngayo futhi kubefundisi, ngokubeka izandla, nokunikela isandla sokunene senhlanganyelo; ukuthi, basebenze ndawonye, njengesivumelwano phambi kukaNkulunkulu, ukuthi babone isipho sisebenza kulomfowethu, ukuthi wabizelwa okuthile. “Futhi sikukholiwe.” Futhi babeka izandla kuye, ukuthi uNkulunkulu uzombusisa. Futhi kwakungukugcotshwa.

¹⁸ Njengoba bengingeke ngibe... Othile ubelokhu engisola, ngokuba ngowe “Jesus Only.” UJesu kuphela, embhaphathizweni, ngisebenzisa iGama lika “Jesu Kristu,” ngempela ngiyavumelana nalokho. Kodwa lapho ubhaphathizelwa “ekuphindenizalwe,” angikukholwa lokho, ukuthi amanzi athethelela izono. Qhabo. Ngikholwa

ukuthi iGazi likaJesu Kristu lihlawulela izono. Ngakho-ke, hhayi ukubhaphathizwa kukho ukuphinda uzalwe, kepha ukubhaphathizelwa kukho ukuvuma. Ukubhaphathizwa kwakho kungukuvuma kwakho, ukuthi uyakholwa, ukuthi lo msebenzi wangaphakathi womusa sewenziwe.

¹⁹ Ngakho-ke, ngihamba nabantu beBaptisti lapho bethi, uma ungena ebandleni leBaptisti, wenza ukuvuma kwakho, ubhaphathizwe ku. . . ebandleni labo. Lokho kungahle ukuba kulungile, uma nje ubhaphathizelwe kulelobandla, leyonkolelo yeBaptisti.

Kodwa, manje, ukungena kuKristu, ubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, uzalwe ngokusha.

²⁰ Manje-ke uma uza ebandleni, ukuphela kwento umbhaphathizo oyenzayo, kungukuthi nje. . . ubufakazi ukuthi uyakholelwa ukuthi—ukuthi uKristu wafa waphinde wavuka, ngosuku lwesithathu. Futhi uMemukele njengoMsindisi oqondene nawe, futhi usufile ezintweni zezwe. Ukhombisa ezweni ukuthi ufa kanye naYe, futhi uvuswa kanye naYe ovukweni. Ngukubonakaliswa kwangaphandle ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa sewenziwe. Akuhlangene ngalutho nokukunika insindiso, ngoba iGazi likaJesu Kristu. . . Ukuphela kwento obufanele uyenze, nje, uthi, qhubeka futhi ubhaphathizwe, futhi uJesu wayengeke adingeke afe. Kuthathe ukufa ukuletha ukuPhila, njalo.

²¹ Ngoba, siphila ngokufa kuphela. Noma yini ingaphila ngokufa kuphela. Into efile yilokho esiphila ngakho, lapho sidla. Nsuku zonke lapho udla, kufanele kufe okuthile ukuze uphile, ngokwenyama. “Awu,” wena uthi, “angiyidli inyama.” Awu, angikhathali ukuthi udlani, wena. . . okuthile kwafa. Kunjalo. Wena udla amazambane, lafa. Wena udla i-kale, yafa. Wena udla isinkwa, ukolo wafa, okusanhlamvu kwafa, noma ngabe kwakuyini. Uhlobo oluthile lokuphila luyafa, ngoba uphila kuphela ngento efile.

²² Bese kuthi-ke uma ufanele uphile, ngokwemvelo, ngento efile, kuthathe okungakanani-ke okuthile okwafayo, ukuze uphile Phakade na? UKristu wafa, ukuze umuntu engaphila futhi. Futhi lokho kuphela kunokuPhila, kukuKristu.

²³ Manje, lokhu kubonakalisa kwangaphandle. Futhi siyambona uMfowethu McKinney, ongumelusi weMethodisti ogcotshiwe, obone ukuKhanya kweVangeli eligcwele. Siyamkholwa, umfowethu othandekayo, unomndeni omuhle. Futhi uze kithina. Futhi uzama ukubamba iqembu elincane ndawonye, lapho e—e-Ohio, noMfowethu noDadawethu Dauch, nabo bonke abazalwane lapho. Futhi siyamthanda lapha. Futhi siyamkholwa ukuthi uyindoda ebizwe nguNkulunkulu. Ngakho-ke, njengoba senzile kuMfowethu Jim Sink, kuMfowethu Graham Snelling, kuMfowethu Junior Jackson, kuMfowethu

Willard Crase, kubo bonke esibathumela besuka lapha, sibaletsha phambi kwalenhlango yebandla, sinikeza lobu bufakazi, ngendlela efanayo eniyizwile. Ukubeka izandla phezu kwabo, ukuthi siyakholwa ukuthi babiziwe nguNkulunkulu, futhi sanikeza ukuvuma kwethu kukho, futhi sicele izibusiso zikaNkulunkulu ukuba zihambe nabo.

²⁴ Uthola okuthile owehlukile phakathi, eBhayibhelini; uma wenza, kuzoba ngaphandle kweBhayibheli. Yiyo impela indlela abakwenza ngayo ngesikhathi seBhayibheli, kwakungukubeka izandla phezu kwabo, ekugcotshweni. Babeka izandla phezu kwabadikoni futhi babafaka ebandleni. Konke kwakungukubeka izandla, hhayi ukusayina isigejane samaphepha nokujoyina isivumokholo esithize, noma into efana naleyo. Babeka izandla, bamkhulula ngoMoya oNgcwele, bamyeka wahamba. Amen. UNkulunkulu amhole ngendlela Afisa ngayo. Yilokho kuphela. Lokho, yileyo ndlela esikholwa ngayo ukukwenza.

²⁵ Mfowethu McKinney, siyajabula, kulobubusuku, ukukubona uza ngendlela ofike ngayo. Futhi into ozama ukuyenza, ukufeza okuthile wenzele uKristu.

²⁶ Futhi asilikhipheli ngaphandle enhlanganyelweni noma yiliphi ibandla, noma yiliphi ilunga lanoma yiliphi ibandla, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, noma ngabe kungaba yini. Sikholwa ukuthi uMoya kaNkulunkulu usebenzana nomuntu ngamunye. Futhi kulo lonke ibandla kunamaKristu, kulo lonke izwe lebandla, elibizwa kanjalo, namhlanje. Ngikhulwa ukuthi kukhona amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterians, amaLuthela, abathanda uNkulunkulu. Futhi ukuphela kwento abayaziyo ngeYe, bahlala ngokuseduze ngangokunokwenzeka, ngokuseduze njengoba bazi ukuthi kanjaani, noma bafundiswa ukuphila. Abanye abantu bacabanga ukuthi konke abadingeka bakwenze nje ukufaka amagama abo encwadini, bese bejoyina ibandla, yilokho kuphela abadingeka bakwenze. Umama wayengowebandla elithile. Ubabayi wayengowebandla elithile. Awu, lokho, niyabo, yilokho kuphela abakwazi ukukwenza.

²⁷ Kodwa uJesu watshela lo mbusi wamaJuda, namhlanje ekuseni, “Ngaphandle kokuba umuntu azalwe ngokusha angeke abone ngisho uMbuso kaNkulunkulu,” kungakhathaleli ukuthi ngabe ngowaliphi ibandla. Futhi Wathi, wakhuluma ngokuZalwa ngokusha.

²⁸ Wathi, “Mina, umuntu omdala, ukungena esibeletweni sikamame, kanjalonjalo, ngiphinde ngizalwe na?”

Futhi wathi, “Uyinkosi kwa-Israyeli, ungazazi lezi zinto na?”

²⁹ Niyabona ukuthi izwe lebandla likuthola kuhleleke kakhulu kanjani futhi kusontekile, kuze kube yisigejane nje

sezivumokholo na? Leyomibono eyenziwe ngumuntu ibekwe ezintweni zokomoya. Futhi izinto zokomoya zizozihlukanisa kukho, ngaso sonke isikhathi. Wena, njengoba kusho isisho esidala, awukwazi ukuxuba amafutha namanzi. Ngeke nje kuxubane. Yilokho kuphela. Lapho, azikho izithako lapho ezizoxubana.

³⁰ Futhi yileyo ndlela okungayo manje. Sikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ubiza amadoda. UMoya oNgcwele ugcoba amadoda. Akunandaba, singabeka izandla kuMfowethu McKinney, noma yimuphi omunye umfundisi, amahora ngamahora, usuku lonke gulukunqu, futhi simnike amashidi amade ephepha abengawasayina, izifungo kwizivumokholo, angeke kwenze utho kuye. Kodwa, ake uMoya oNgcwele umshaye, kanye. Yilokho-ke. Lokho kuyakwenza. Akekho umuntu okumele amtshele noma yini okunye. Usehambile. Niyabo? Yilokho kuphela. Bese kuthi-ke, ukuphela kwento esingayenza, yinhlanganyelo, ukuthi siyamazisa umfowethu ukuthi ukulesosikhundla.

³¹ UNkulunkulu akubusise, Mfowethu McKinney. Uzokhuphukela lapha, ngaphambili, umzuzwana nje.

³² Mfowethu Neville, Mfowethu Collins, abefundisi, uma ningathanda ukuma eceleni, singajabula ukuba nina nikhuphukele lapha, umzuzwana nje.

³³ Uma uzoza ngapha uphendukele ezethamelini, Mfowethu McKinney, khona *kanje* lapha.

³⁴ Bangaki owazi uMfowethu McKinney, ohlangane naye ngalapha na? Bangaki abamkholwayo ukuthi uyindoda emesabayo uNkulunkulu na? Phakamisa isandla sakho. Impela.

³⁵ Siyajabula, kulobubusuku, Mfowethu McKinney, njengoba simi ezinhlangothini zakho lapha, eceleni kwakho, nalelibandla, ukwazi ukuthi wamukele i—inhlanganyelo ekushumayeleni iVangeli eligcwele; ukuthi uzimisele, ngomusa kaNkulunkulu, ukubamba izinga leBhayibheli. Kungenandaba ukuthi noma yini ithini ngaLo, wena yima phezu kweZwi likaNkulunkulu laPhakade. Futhi khona-ke akunandaba ukuthi iyiphi inhlango ezama ukuLikhahlelela emaceleni, yima nje ncamashi ngendlela eLilotshwe ngayo. Wena hlala naLo ngqo. Yileyo ndlela. Yileyo ndlela esikholwa ngayo lapha. Akunjalalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bonke baKukholwa ngaleyondlela. Kwangathi umusa kaNkulunkulu ungahlala unawe njalonjalalo.

³⁶ Manje, khuleka umkhuleko wakho uqobo, ngendlela uNkulunkulu azothatha ngayo umfowethu.

³⁷ Ngokuba, iziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya, futhi ilanga lishona ngokushesha. UkuFika kukaKristu sekuseduze. Umkhuleko wami oqotho ngukuthi uNkulunkulu uzokwethusa umphefumulo walomfana ngombhaphathizo kaMoya kakhulu, nokugcotshwa, uzophumela lapho futhi asindise amashumi

ezinkulungwane zemiphefumulo, ngaphambi kokuFika kweNkosi. UNkulunkulu uyazi ukuthi siyamdinga enkonzweni.

³⁸ Sifuna wazi, Mfowethu McKinney, njengalelibandla naleliqembu labantu lapha. Ibandla yiqembu labantu elibuthene ndawonye, ngaphandle kwenhlangano. Lokho akwenzi umuntu oyedwa lapha, akunakuba ukuthi ngoba uza lapha, noma elinye ibandla, kuyokwenza ube yilungu. Kunendlela eyodwa kuphela yokuba yilunga loMzimba kaKristu, lokho ngukuthi, uzalelwa kuWo, ngoMoya oNgcwele. Futhi siyakholwa ukuthi umfowethu uzelwe kuloMzimba, uthole ubizo empilweni yakhe ukuba ashumayele iVangeli. Singufakazi walokhu, kulobubusuku, ukuthi singemuva kwakho, ngomkhuleko wethu. UNkulunkulu akuqondise, mfowethu.

Asikhothamise ikhanda lethu.

³⁹ Baba wethu waseZulwini, kuqinisa nje umphefumulo wami lapho ngibona u—umfundisi ekhuphuka, azisa iVangeli eligcwele. Lokho uKristu akusho, ukuthi kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laKhe alisoze lehluleka. Khonake siyabona, Wena washo futhi, lapho Usuqedile ukuloba iNcwadi, “Noma ngubani oyokwengeza igama elilodwa kuleNcwadi, noma asuse noma yini kuYo, kuyosuswa okufanayo (okwengxenywe yakhe) eNcwadini yokuPhila.”

⁴⁰ UMfowethu McKinney ulibonile Leli. Eqenjini labazalwane, lalapho ayehlanganyela khona, waletha iQiniso alibonayo emBhalweni. Akekho owayengamelana naLo, kodwa nokho inhlangotho yayingeke ilibekezelele Lelo. Ngakho-ke uthatha ukukhetha kwakhe, noma alandele okuye kwashiwo ngumuntu, noma lokho okuye kwashiwo nguNkulunkulu. Nkulunkulu, ngi—ngiyaKubonga ngokumnika isibindi sokuthatha okuye kwashiwo nguNkulunkulu. Ngokuba iBhayibheli lathi, “Wonke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nakaNkulunkulu abe yiQiniso.” Futhi uzimisele ukubambisisa Lelo.

⁴¹ Futhi ukukhombisa inhlangotho yethu naye, noma ukuma kanye naye ecaleni lakhe, ukujabula kanye naye ekunqobeni kwakhe, silapha njengamabutho ndawonye. Umelusi waleli tabernakele, kanye nami, sibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Wena uzobusisa umfowethu. Menze aphile ngoMoya. Mgcwalise ngamandla, ukushumayela iVangeli. Muphe izibonakaliso nezimangaliso ukuba zilandele inkonzo yakhe. Futhi kwangathi angaba ithuluzi esandleni saKho, elingcweliselwe Wena, kulolu izinsuku zokugcina, ukusindisa ezinkulungwane zemiphefumulo elahlekile ezulazula ebumnyameni namuhla. Siphe khona, Nkosi. Lona ngumkhuleko wethu, nokukholwa kwethu kumfowethu, nokuzethemba kwethu nokukholwa kuWe, ukuthi Wena uzophendula umkhuleko wethu, waleli elikhulu, ihora lokudinga enkonzweni yomfowethu. NgeGama likaJesu siyamthumela. Amen.

⁴² UNkulunkulu akubusise, Mfowethu McKinney. Futhi kwangathi umusa kaNkulunkulu ungahlala njalo kuwe, futhi ukunikeze isifiso esiqotho senhliziyo yakho. UNkulunkulu abe nawe.

⁴³ Lokho ngukugcotshwa engikwaziyo, kweBhayibheli, isandla sokunene senhlanganyelo. Konke lokho kunika uMfowethu McKinney isandla sokunene senhlanganyelo, kulelibandla, phakamisa isandla sakho. Imikhuleko yethu, ukweseka kwethu, ukukusiza ukuba ume entweni eyiZwi likaNkulunkulu laPhakade.

⁴⁴ Okungukuthi, “Kodlula konke amazulu nomhlaba, kodwa Liyobe lisamile.” Ngoba, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayakuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.”

⁴⁵ ULizwi wathi, “Mina nginguMvini, nina ningamagatsha.” Futhi ukuPhila okufanayo okwakusegatsheni, eMvinini, kududuzela phezulu eMvinini futhi kuveze ukuPhila okufanayo, nezithelo ezifanayo, nemisebenzi efanayo, nento efanayo. Ngiyazi ukuthi kuliQiniso, ngoba ngiKubonile kugcwaliseka. Amen futhi amen. Ngiyayithanda leyo enhle, indlela endala yeVangeli. Yebo, mnumzane.

⁴⁶ Manje mhlawumbe sekuba leyithi kancane, sekuyogamanxa elesishiyagalolunye, kodwa manje sizoba nenkonzo yesidlo.

⁴⁷ Manje, sikubiza nge “sidlo,” kodwa akusiso isidlo. Isidlo ukukhuluma, ukuxoxisana. *Commune*, yilapho sima futhi sikhulume neNkosi, sixhumane. Kodwa, manje, lokhu kubizwa nge “sidlo seNkosi sakusihlwa.” Ngiyazibuza ukuthi kanjani abanye balaba besimodeni, abangasho ukuthi “isidlo sakusihlwa,” futhi bakubiza ngokuthi “isidlo sasemini,” bazokusebenzisa kanjani lokho na? Niyabo? E-hhe. Niyabo? Yebo, mnumzane. Yisidlo sakusihlwa seNkosi. Sikholwa nje indlela iBhayibhelini eLikusho ngayo.

⁴⁸ Futhi sifuna nazi, ukuthi iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, noma ngabe ungaba yini, uyamenywa, nomfowethu okanye nathi, uma uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ukuthi ume lapha, udle isidlo kanye nathi.

⁴⁹ Sikholwa ukuthi lezi zimele umzimba ophukile kaJesu Kristu. Futhi sikholwa ukuthi umKristu unesibopho sokusithatha. Siyakholelwa ukuthi umuntu ongaphili ngokufanele, ofikayo futhi asithathe, ngaphandle kokuphila ngokufanele, uzidlela futhi aziphuzele icala, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi. Yingakho lawo mabandla azibiza ngokuthi amaKristu, atholakala, eBhayibhelini, “Egwele amagama enhlamba.” Niyabo? Ngoba, ukuthatha isidlo, nokuphuma futhi uphile noma yiluphi uhlobo lwempilo, kuletha isikhubekiso esikhulu kunabo bonke ogweva basejoyintini okhona ezweni lonke.

⁵⁰ Ubona isifebe emgwaqweni, uyazi ukuthi siyini. Buka indlela esenza ngayo nesigqoka ngayo, uyasazi. Kepha umKristu akafanele akwenze lokho—lokho. Uma ubona i—i—i—indawo ezansi lapha, ithi, “Isitolo samaphakheji! Amawayini, ugologo,” nokunye nokunye. Uyazi ukuthi yini leyo. Yileyo—yileyondawo. Kunjalo. Ukudansa, ibhola, kanjalonjalo, uyazi ukuthi kuyini lokho. Kodwa ulindele ukuthi abantu phakathi lapho ukuthi baphuze, bagembule, baqambe amanga, bebe, konke okunye. Leso yi—leso yisibiyelo semimoya engcolile.

⁵¹ Kodwa uma ubona indawo ezisho ukuthi ingamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ngena phakathi lapho, nento yokuqala, ubabone bephika wona kanye umBhalo, ukuhambisana ne...ngoba Awuhambisani nesivumokholo sabo. Ubabone bengena lapho, futhi bakhulume ngomsebenzi kaNkulunkulu owenza okuthile, bese bewuhleka. Kukhona lowo mzenzisi. Ya. Leyo yinto embi. Futhi ubone labobantu befika futhi bathathe isidlo, futhi beqonde ngqo phandle lapho emgwaqeni futhi baphile njengabo bonke abanye, leso yisikhubekiso esikhulu kunazo zonke, leso lapho.

⁵² Ngashumayela lapha, esikhathini esingaside esedlule, “Ukudumazeka ngesikhathi sokwaHlulela.” Lowogweva neke adumale lapho ezwa isigwebo sakhe sokuya esihogweni. Angeke adumale, kanjalo nomqambimanga nesela. Kepha odangele kuyoba yilowo obecabanga ukuthi ubekahle. Yilowo-ke. Impela kuzoba nokuningi kwakho. Siyakwazi lokho.

⁵³ Futhi Nkulunkulu yiba nomusa emiphefumulweni yethu. Lena yinto ethile okungedlalwe ngayo. Emavikini ambalwa edlule, kwakunoyedwa ehlezi lapha phakathi kwethu, ophilayo, nomzalwane okahle, uMfowethu Taylor. UseNkazimulweni, kulobubusuku, usanda kungena nje esikhashaneni nje. Futhi manje siyazi ukuthi ngolunye usuku siyahamba, ngakho-ke manje yisikhathi sokuphila ngokufanele. Manje sekuyisikhathi.

⁵⁴ Futhi niyasikhumbula lesi sifundo sasekuseni na? Lezi zimfaneko ezinhle zifanele zibe lapho ngaphambi kokuthi iNtshelokuvala lizoze lize ngisho phezu kwakho. O, ungahle umemeze. Ungahle ucule. Ungahle ukhulume ngezilimi, futhi usine. Lokho akuhlangene ngalutho nhlobo nakho. Kuze kube yilezi zinto, kwafakazelwa ngokomBhalo futhi kwabekwa uphawu kuwe, uMoya oNgeweke ukubeka uphawu wena njengomuntu ngamunye, khona-ke uyindodana nendodakazi.

⁵⁵ Sizwe abantu bekhuluma ngezilimi, lowo obengenayo uMoya oNgeweke. Niyakwazi lokho.

⁵⁶ Ngibezwile abathakathi bekhuluma ngezilimi. Izinyanga mthakathi zikhuluma ngezilimi, futhi bephuza igazi ogebhezini lomuntu, futhi babize udeveli. Yebo, mnumzane. Ngakho-ke, nina, lokho akusikho...Ngabona abathakathi, abalumbi, ngibona isikhathi lapho ipensela libhala phansi, futhi ligijima

lehla lenyuka ngoshimula futhi ladhala lokho “kushefa nokugunda izinwele,” futhi libhala ngezilimi ezingaziwa. Futhi umfo emi lapho, exikiza phansi naphezulu, futhi abhale, futhi ashokhona kanye lokho obekukusho. Manje, niyazi ukuthi lokho akuyena uNkulunkulu. Futhi uyazazi zonke lezo zinto.

⁵⁷ Ngakho-ke ukukhuluma ngezilimi akusho ukuthi wena u—wena ungokaNkulunkulu. Ukwenza izimangaliso akufakazeli ukuthi ungokukaNkulunkulu.

⁵⁸ Yinto ethile, izithelo zikaMoya, ezifakazela ukuthi ungokaNkulunkulu, lapho ubona lokho kuPhila kubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele.

Nkulunkulu, makube njalo. Makube yithi labo. Uma sonile, kwangathi uBaba waseZulwini omkhulu angasithethelela ngakho.

⁵⁹ Ngizofunda omunye woBhalo, lokho uJesu akukhulume kithi ngoMoya. Manje, ngizokufunda esahlukweni 11 sakwabaseKorinte bokuQala. Futhi ngizoqala evesini 23. “Ngokuba ngakwamukela eNkosini...” ngikhuluma manje njengoba kukhuluma uPawulu.

...ngithole ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobo busuku... akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:

Futhi wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani, futhi udle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha nesitsha, futhi emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi yisitsha esisha sesivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke enisiphuza ngaso, ukuba ningikhumbule.

Ngokuba njalo nxa wena nidla lesi sinkwa, niphuza lesi sitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike.

Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha seNkosi ngokungafanele, uyakuba necala lomzimba negazi leNkosi.

Ngakho-ke umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle... isinkwa, aphuze... isitsha.

Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele icala, ngokungawahlukanisi umzimba weNkosi.

Ngenxa yalokho baningi phakathi kwenu ababuthakathaka nabayagulayo... abaningana balele.

Kepha uma besingazihlulela thina uqobo, besingayikwahlulelwa.

Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.

Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa nibuthana ukuba nidle, anolindana omunye nomunye.

...uma omunye elambile, akadle ekhaya; ukuba ningabuthaneli ukulahlwa. Kepha okuseleyo ngizokulungisa mhla ngifika.

⁶⁰ Ngithanda ukusho lokhu esidlweni. Manje, lesi yisikhubekiso esikhulu, phakathi, isizathu namhlanje sokuthi ibandla eliKatolika nebandla leProtestane lingahlangani ndawonye, likuyo kanye lendaba. IKatolika liyasithatha njengemisa. Futhi liyethemba, ngokufaneleka okuthile, okomthetho elikwenzile, nangokugcina lo myalo, ukuthi uzothethelwa izono zakhe. AmaProtestani ayasithatha, ngokubonga, ukuthi izono zalo zithethelwe, ngoba liwuhloniphole umyalo.

⁶¹ Manje, isinkwa, iKatolika lithi ngumzimba wangempela. Futhi lona ngumBhalo abawusebenzisayo, kwabaseKorinte lapha, kwabaseKorinte bokuQala 11.

Kwathi, “UJesu wathi, ‘Thabathani nidle: lokhu kungumzimba waMi.’”

IProtestane lithi, “Simele umzimba.”

⁶² IKatolika lithi, “Ngumzimba. Futhi, ukuthi, u—umpristi unikezwe amandla kaNkulunkulu okuguqula ucwecwe lube ngumzimba kaKristu wangempela.”

⁶³ Manje, uma niqaphela, umzimba kaJesu wawungakanikelwa nokho, ngenkathi Ethu, “Lokhu kungumzimba waMi.” Wahlephula isinkwa, wayesethi, “Thathabathani nidle: lokhu kungumzimba waMi.” Umzimba waKhe wawungakephulwa nokho. Ngakho-ke, imiBhalo yabo—yabo uqobo, into yabo uqobo abayisebenzisayo, iletha ukulahlwa phezu kwemfundiso yabo uqobo. Niyabo? UJesu wathabatha isinkwa wasihlephula, wayesebanika, wathi, “Lokhu kungumzimba waMi. Thabathani nidle.” Futhi lapha Wayemi lapha, emzimbeni waKhe. Wawungakephulwa nokho. Hhe! Noma kunjalo, imiBhalo ngeke iqambe amanga. IyoYigcina icacile ngaso sonke isikhathi. Ngakho-ke, siyakukholwa lokho.

⁶⁴ Futhi siyakholwa ukuthi lapho sihlalanga ndawonye, Wathi, “Nilindane.” Ngamanye amagama, “Lindanani.” Igama *libala* lisho “ukulinda.” “Lindanani.”

⁶⁵ Manje, njengoba bekungumkhuba kithi, sithatha lowomBhalo ngalendlela. Ukuthi, uma senza lokhu, ukuthi nje sikhothamisa amakhanda ethu, nebandla likhulekela thina belusi. Thina belusi sikhulekela inhlangano yethu yebandla. Yileyo ndlela esilindana ngayo, ngokukhonza omunye nomunye, ngokukhuleka.

66 Wena khuleka, “Nkulunkulu, thethelela umelusi wami. Uma kukhona noma yini empilweni yakhe a—abakwenzile, Wena bathethelele ngakho. Bathethelele. Bebengaqondile ukukwenza.”

67 Futhi sibuya ngqo, abelusi, bekhulekela inhlangotho yethu yebandla, “Nkulunkulu, lona ngumhlambi omncane Osinikeza wona ukuba siwuqaphe. Uma kukhona okungahambi kahle empilweni yabo, kususe, Baba. Bona...Ngakho-ke sonke singama ndawonye ngapha, sihlanganyele ngapha, sazi ukuthi siza lapha, sigcina uhlelo lukaNkulunkulu, futhi sithatha isidlo.” Ngicabanga ukuthi yisikhathi esimnandi senhlanganyelo.

68 Asikhuleke manje njengoba sisakhothamisa amakhanda ethu. Buthule, sikhulekeleni, sikhulekela nina. [UMfowethu Branham unyenyeza umkhuleko imizuzwana engamashumi amane lapho inhlangotho yebandla ikhuleka buthule—Umhl.]

69 Baba, njengoba sithatha lesi sidlo, njengoba sisibiza ngokuthi isidlo, kusekukhumbuleni Wena. Futhi lapho lolu oluncane, ucwecwana olushayiwe luthinta ulimi lwethu futhi lungena emlonyeni wethu, kwangathi singaqonda ukuthi Walinyazwa futhi wafihlizwa, wadwengulwa ngenxa yezono zethu. Futhi leloveli elaliMfihlile kithi, manje Usekithina, uMoya oNgewele.

70 Futhi lapho semukela iwayini, kwangathi singaqonda ukuthi kwakungokwemivimbo yaKhe ukuthi siphilisiwe thina, ngeGazi laKhe sisindisiwe thina, ukuPhila okwakuseGazini.

71 Manje, Baba, siqoqele ndawonye ngalomcimbi onesizotha, uthethelela izono zethu. NgeGama likaJesu siyakucela. Amen.

72 Ngiyakholwa manje ukuthi amalunga, omunye wawo, uzoza phambili lapha. Ukuthi, ngiyakholelwa, ukuthi ngokuvamisile kwakungumsebenzi kaMfowethu Taylor, futhi, (kwakungenjalo na?) ukuza phambili, ukubizela esidlweni. Ngiyazibuza ukuthi ubani obeyothatha leyondawo? Mfowethu Tony, uzokwenza lokho na? UMfowethu Zabel, lapha, uzoza ngaphambili futhi aqondise, uhlu ngohlu, njengoba siza ngaphambili, sithatha isidlo, sibuyela ezihlalweni zethu.

73 Uyazi ukuthi isidlo sinokuphulukisa kukaNkulunkulu kuso na? Ngenkathi abakwa-Israyeli, emfanekisweni, bethatha isidlo, futhi bamasha iminyaka engamashumi amane. Futhi ngenkathi bephuma ehlane, kwakungekho noyedwa owayebuthakathaka phakathi kwabo, abantu abayizigidi ezimbili nengxenye. Kunamandla okuphulukisa esidlweni.

Wonke umuntu wamukelekile manje.

74 Futhi udadewethu, uma ezoza opiyaneni, udlala leliculo.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
 Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
 Lapho izoni zibhukuda ngaphansi
 kwethantala,
 Kusuke lonke ibala lecala lazo.

⁷⁵ Kwangathi izono zenu zingathethelelwa, bantwana. Kwangathi umusa kaNkulunkulu ungahle ube nani njalo, sisekuloluhambo. Kwangathi singahlangana sonke kolunye uhlangothi, sijabule futhi sesibasha futhi. Amen.

⁷⁶ [Umshayi wopiyo uqala ukudlala *KunoMthombo Ogcwaliswe ngeGazi*, futhi uMfowethu Branham nebandla balokhu bethule du umzuzu owodwa ngenkathi abantu bokuqala beza ngaphambili ukwamukela isinkwa sesidlo newayini. Umdlali wopiyo uma ukudlala—Umhl.]

⁷⁷ Njengoba ngibambile, kulobubusuku, kuleshaja elincane lapha, yisinkwa esimele inyama yeNkosi yethu, njengoba senziwe isinkwa sekosha ngezandla zomKristu. Futhi manje kuza kithi, njengophawu lomzimba ophukile weNkosi yethu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

⁷⁸ Baba waseZulwini, lokhu kuhlawulela okuyigugu, lomhlatshelelwe Owenzele thina, siyakubona kulesi sinkwa, ukuhlupheka nokudwengulwa komzimba waKho. O, kuvuzisa izinhliziyi zethu, Nkosi, ezinyembizini, ngentobeko, lapho sicabanga ukuthi uNkulunkulu uzokwenziwa inyama, ukuze aZidabule abe yizicucu, ukuba enze ukuhlawulela, ukugcwalisa ubulungiswa obudingekayo. Futhi khona-ke, ngomusa, ngaphandle kwanoma yini enye, simenyiwe ukuba size. SiKubonga kanjani, Baba! Ngcwelisa lesi sinkwa, manje, enhlosweni yaso ehlosiwe nembangela. Futhi noma ngubani oyosithatha, kwangathi bangaba nokuPhila okuPhakade kuhlala ngaphakathi kwabo. Kwangathi bangebhubhe neze, kodwa baphile Phakade noNkulunkulu. Banikeze impilo namandla okuqina nohambo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁷⁹ IBhayibheli lathi, “Kanjalo, Wathabatha isitsha, emva kokudla kwakusihlwa, ethi, ‘Leli yiGazi leTestamente eLisha.’ Njalo lapho niLiphuza, nimemezela ukufa kweNkosi ize Ifike.” Ngibambe esandleni sami i—isithelo somvini. Simele iGazi leNkosi uJesu.

⁸⁰ Kukhulunyiwe, ngabani, ukuthi bebengeke balithathe iwayini, iwayini elijwayelekile, ngenxa yokuthi belidakisa, ukuthi bekuyisiphuzo, futhi abafanele bathathe iwayini. Bathatha ujusti wamagilebhisi.

⁸¹ Isizathu sithatha iwayini yingoba iBhayibheli lathi, “Iwayini.” Zonke izinguqulo zikunika “iwayini.” Esinye isizathu: iwayini elidala liba, ngcono futhi liba namandla. Ujusti wamagilebhisi uba muncu kungakapheli amahora ambalwa.

IGazi likaJesu Kristu libamnandi kakhudlwana futhi libangcono lapho iminyaka iqhubeka. Alibi muncu neze noma lonakale.

⁸² Baba wethu waseZulwini, ngiphethe kuleshaja kulobubusuku, igazi lamagilebhisi elimelele iGazi likaJesu Kristu. Futhi manje, kuleli, imivimbo yaKhe, saphiliswa thina. EGazini laKhe sasindiswa. Nembongi yathi:

Kusukela lapho ngokholo ngabona umfudlana
Amanxeba aKho awuhlinzekayo,
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

⁸³ Baba Nkulunkulu, leyo yindikimba yethu kulobubusuku, uthando lukaNkulunkulu oluchithekele ngaphesheya ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgewe. Ngwelisa leli wayini, Nkosi, ngenhloso yaLo elihloselewe yona. Futhi njengoba siliphuza, khumbulani, kumelele lokho kuhlupheka lapho eKalvari, lapho anonya, ameva okugcona ecindezelwe eshiyeni laKhe waze waqhushukela esikhunjani, neGazi laphuma. Lapho isiswebhu esishisayo, umsila-wamakati-ayisishiyagalolunye unamaqhuzu okuzikisa aphambili ekugcineni kwesikhumba, sishaya emhlane waKhe, kwaze kwavela izimbambo zaKhe. Izipikili zamaRoma zabhoboza izinyawo zaKhe nezandla zaKhe. Nomkhonto wabhoboza inhliziyi yaKhe. Lokho kwakuluthando ngathi esingafanele.

⁸⁴ Ngamahloni, siyakhothama, Nkosi, ukuthi kubize iNdodana kaNkulunkulu intengo engako ukusihlenga. Bese kuthi-ke kanjani, emimoyeni yethu, siphakamisa ukukhuleka kwethu kuWe, ukuthi Usiphe umusa ozayo, nesiqiniseko. Wena wathi, “Odl inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngizomvusa futhi ngosuku lokugcina.” Kungenzeka kanjani ukuthi kwehluleke lapho kuvela ezindebeni ezinjalo! Siyakuvuka futhi.

⁸⁵ Ngakho-ke, Baba, kulobubusuku, ngenkathi sisami lapha siphilile, njengoba sazi, futhi ngomusa waKho, banamandla futhi baphilile, futhi basesimweni esihle ngokomqondo, size ukuzothatha lokhu, ukukhombisa Wena, siyakholelwa ekufeni, ukumbelwa nokuvuka kweNkosi yethu. Siyamukela Yena njengoMsindisi wethu. Siyamkholwa Yena njengoNkulunkulu neNkosi.

⁸⁶ Ngwelisa leli wayini, manje, ngenhloso yalo ehlosiwe. Futhi wonke umuntu olithathayo, kwangathi bangathola umusa kaNkulunkulu, uMoya oNgewe, impilo enhle namandla okuqina, ukukhonza uNkulunkulu kuso sonke isikhathi sabo sempilo. NgeGama likaJesu Kristu. Amen.

⁸⁷ [Umshayi wopiyano uqala ukudlala *KunoMthombo Ogcwaliswe NgeGazi*. Akuqoshwanga eteyipini. UMFowethu Branham nebandla badla isinkwa newayini lesidlo—Umhl.]

Wena Wundlu laseKalvari,
 Msindisi waPhezulu;
 Manje ngizwe ngisakhuleka,
 Susa sonke isono sami,
 O, makuthi mina kusukela namuhla
 Ngibe ngowaKho wonke!

⁸⁸ Ekufundweni komBhalo, eNcwadini kaJohane oNgcwele, isahluko 13, siyafunda, siqala ngevesi 2 lesahluko 13.

. . . sekudliwe, udeveli manje esekufake enhliziyweni kaJuda Iskariyotho, indodana kaSimoni ukuba amkhaphela;

uJesu ekwazi. . . uYise unikele konke ezandleni zakhe, . . . ukuthi u. . . wavela kuNkulunkulu, futhi ubuyele kuNkulunkulu;

Usukuma ekudleni kwakusihlwa, . . . wabeka izingubo zakhe; . . . wathabatha indwangu, wakhwica.

Emva. . . wathulula amanzi emcengezini, uqala ukugeza izinyawo zabafundi, wazesula ngendwangu abekhwice ngayo.

Wafika-ke kuSimoni Petru: futhi uPetru wathi kuye, Nkosi, wena ugeza izinyawo zami na?

UJesu waphendula wathi kuye, Lokhu engikwenzayo manje awukwazi. . . ; kodwa uyakukuqonda emva kwalokhu.

UPetru wathi kuye, Awusoze wageza izinyawo zami naphakade. UJesu waphendula wathi, Uma ngingakugezi, awunasabelo nami.

USimoni Petru wathi kuye, Nkosi, akungabi kuphela yizinyawo zami, kepha ko- . . . kepha nezandla nekhanda.

UJesu wathi kuye, Ogeziweyo udinga. . . kuphela ukugezwa izinyawo, kepha ugezekile wonke: . . . nina-ke nigezekile, kodwa angisho nonke.

Ngokuba emazi obezakumkhaphela; kungalokho athi, nina anigezekile nonke.

Esegeze izinyawo zabo, wathabatha ingubo zakhe, waye wahlala futhi, wathi kubo, Niyakwazi yini engikwenzile kini na?

Ningibiza nithi Mfundisi neNkosi: futhi nisho kahle; ngokuba ngiyikho.

Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu; nani-ke nifanele ukugezana izinyawo.

Ngokuba ngininikile isibonelo, ukuba nenze nani njengokuba ngenzile kini.

⁸⁹ Ngicabanga ukuthi lingelinye lamavesi amahle kakhulu. “Ngininikile isibonelo, ukuba nenze nani njengokuba ngenzile kini.” Nifanele nikwenze komunye nomunye, ekukhumbuleni, lokhu. Kube ngumkhuba webandla, walokhu kubuthana kweqembu labantu, kusukela saqala. Futhi ngaphambi kokuba leli tabernakele like lakhiwe, ngenkathi sisesemihlanganweni yomkhuleko ekotishi, sasenza ukugezana izinyawo. Odadewethu baya egumbini elingemuva. Abafowethu baya egumbini elingakwesokudla. Futhi sigcina ukugezana izinyawo. Izihambi, uma unathi, kulobubusuku, sijabule kuphela ukuba nawe ukuhlanganyela kulezi zimiso zikaNkulunkulu.

⁹⁰ Ngingahle ngichaze, njengoba ngishilo emizuzwaneni embalwa edlule, into uNkulunkulu ayishiyele thina ukuba siyenze. Umbhaphathizo wamanzi, udaba olulodwa; isidlo. Futhi, khumbulani, lokho kubili kuphela. UNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. Ukugezana izinyawo kungokwesithathu. Niyabo? Futhi siyakukhumbula lokho, eminyakeni eyalandela, ngisho naseBhayibhelini.

⁹¹ Abanye abantu bazama ukuthi akudingekile. Impela, angiqondile ukuthi izinyawo zabantu zidinga ukugezwa. Akusikho lokho. Mhlawumbe nezabo zazingadingi. Kepha kwakuyisenzo sentobeko. Kuyi—kuyisenzo so—sokwenza, okubaluleke njengombhaphathizo wamanzi. Ngoba Ukushilo lapha, ukuthi, “Ngininikile isibonelo, ukuthi nifanele nenze komunye nomunye njengokuba ngenzile kini.”

⁹² Futhi sithola ukuthi umfelokazi wayengenakulethwa phakathi kwabantu ngaphandle kokuthi angenise izihambi futhi wageza izinyawo zabangcwele, sizikhombisa ukuthi sithobekile.

⁹³ Lokho, uma noma yini esifuna ukuba yiyo, ngukuthobeka, ngoba leyo yimfihlo yamandla, kungentobeko. Futhi uhlala ujabule njalo, lapho uphuma kulezi zinto, zokuzenza, kuyinqubo ebusisekile yenhlanganyelo esiyibonayo lapha ebandleni.

⁹⁴ Futhi manje ngifisa ukumemezela, manje, ukuthi ngeSonto elizayo ebusuku kuzoba nezinkonzo lapha. Ngenkathi ngingena nje, ezinye izingcingo ziyafika, abanye abantu beza ukuzokhulekelwa, le phezulu eToronto, eCanada, ukuba babe lapha ngeSonto elizayo ebusuku.

⁹⁵ Nginokunikelwa ebandleni likaMfowethu L.G. Hoover. Kusebhodini lezimemezelo—lezimemezelo. NgeSonto elizayo, ngehora leshumi nanye, e-Elizabethtown, eKentucky.

⁹⁶ Bese-ke kuba ukubuyela lapha ngokulandelayo, leliSonto elizayo ebusuku. Bese-ke siya eShreveport, sisuka lapho.

⁹⁷ Futhi siyajabula ukuba nani nonke usuku lonke. Futhi izikhathi lapho si...Lapho, uma ungalapha, edolobheni, noma kuphi eduze, phuma. Sifuna ukubuthana futhi siziqoqe ndawonye. Sifuna ukuhlala ngaphansi kwemfundiso yomfowethu lapha, uMfowethu Neville, futhi—futhi

sihlanganyele ezintweni zikaNkulunkulu. Njengoba ezithola kuNkulunkulu, unikezela ngazo. Futhi—futhi sifuna ukufunda ngoNkulunkulu. “Futhi ngokubona uSuku lusondela, kumele sibuthane ndawonye kaningi.” Simele sithande, ezinhliziyweni zethu, ukuza ebandleni. Uma singalithandi ibandla, thanda uNkulunkulu. . . .Ukuhlangana, lokho esikubiza ngebandla, ngukuhlangana ndawonye ukukhonza. Niyabo? Uma sithanda uKristu, siyakhonza futhi.

⁹⁸ Nicabanga ngendoda ethi yayithanda umkayo, futhi yayingakaze imbone isikhathi eside kakhulu, idlule ngakuye bese ithi, “Awu, ngizombona ngesinye isikhathi”? Niyabo? Lokho akunjalo. Noma, unkosikazi ethi uthanda umyeni wakhe, noma abazali bethi bathanda umntwana wabo, awu, ku—kuyakhombisa. Niyabo?

⁹⁹ Futhi ngicabanga ukuthi ukuzwakalisa kwethu, ukuthi sifanele silangazelele njalonjalo ukuba sekukhonzeni, noma kuphi, ukukhonza iNkosi, lapho sihlalanga ndawonye ukuYikhonza. Yikhonzeni ekhaya. Yikhonzeni ngenkathi sisashayela izimoto zethu. Noma ngabe sikuphi, khonza iNkosi, khuleka nje.

¹⁰⁰ IBhayibheli lathi, “Konke okuphefumulayo makudumise iNkosi.” Wayesethi, “Dumisani iNkosi.” Ngisho ngabe awukabi nawo umphefumulo, yiba ulokhu udumisa iNkosi. Niyabo? Dumisani! “Konke okuphefumulayo, makudumise iNkosi.” Futhi, khona-ke, “Dumisani iNkosi.” Ngiyacabanga, amaHubo 100, iHubo 100.

¹⁰¹ Manje, iNkosi inibusise. Futhi njengoba sicula manje, futhi, abazalwane bazoya kuleligumbi, nodade kulelogumbi, ukukwenzela ukugezana izinyawo, njengoba sisukuma manje senzela ukukhishwa.

¹⁰² Futhi nina enifanele nihambe, ngani, ni—niyakhululwa emzuzwaneni. Kodwa, khona-ke, sizokumema ngenjabulo kunoma iyiphi inkonzo esinayo. Woza, futhi sizozama ukukwenzela okwedlula konke esaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ukuholela umphefumulo wakho ezinyaweni zikaJesu Kristu.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nenduduzo,
O, Lithathe, noma uyaphi.

Ligug- . . .

Manje phendukani bese nixhawulana, omunye nomunye.

. . . O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba . . .

¹⁰³ [UMfowethu Branham ukhuluma nothile ngokuthi uMfowethu uMcKinney akhuleke—Umhl.] . . .? . . .

. . . Mnandi!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, lapho sisakhothamisa amakhanda ethu, siyacula.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Lapho izilingo zikuzungeza,
Phefumulela lelo . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma nothile—Umhl.] . . . ? . . .

Ligug-. . . Gama eliligugu, O limnandi
kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba . . . (Ngizokucela, sikiphe
ngomkhuleko.) . . . kweZulu.

¹⁰⁴ Manje, lapho sikhothamisa amakhanda ethu, ngokuthobeka, sizocela uMfowethu McKinney lapha ukuba asikhulule ngezwi lomkhuleko. Futhi masinyane emva kwalokho, nina enifanele nihambe, ningahamba. Bonke abanye bazohlangana emagumbini. UNkulunkulu anibusise.

Mfowethu McKinney.



UKUGCOTSHWA ZUL62-1104E
(Ordination)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Novemba 4, 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org